Isifundo 5

**Ntulikazi 27-Ncwaba 2*

Isikhalo Sabaprofethi

NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:
1 Sam. 8:10-18, Amos 5:10-15, Mika 6:8, Gen. 19:1-13, Hez. 16:49, Isaya 1:15-23.

Indimana Yekhanda:
"Ukutshelile, muntu, okuhle; uJehova ufunani kuwe, kungabi ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?" (Mika 6:8)

Ababaprofethi beTestamente eliDala abanye babantu abathathekisa kakhulu eBhayibhelini. Amazwi abo anamandla, izigijimi zabo zesibindi, ukudabuka kwabo, intukuthelo, nesihluku, nokwenza ukulingisa ngezigijimi zabo, kwakubenza babe abantu ongeke ubazibe yize noma ngezinye izikhathi kwakungemnandi ukuba khona kwabo eduze. Njengoba babethunyelwe ngokukhethekile kuIsrayeli noJuda, babeqhweba abantu abakhethiwe ukuba babuyele obizweni lwabo kuNkulunkulu. Abantu kanye nabaholi babo babethatheka kalula yizithixo nendlela yokuphila yezizwe ezibazungezile. Kwakungumsebenzi womprofethi, ongabongwa nokubongwa, ukubagqugquzela ukuba baphenduke, ngezinye izikhathi ngokubakhumbuza ngothando uNkulunkulu abathanda ngalo, nalokho abenzela kona ezikhathini ezedlule, ngezinye izikhathi ngokubaxwayisa ngemiphumela uma beqhubeka bededa kuNkulunkulu.

Njengoba sizobona futhi ukuthi phakathi kwezono nobubi ababexwayisa ngazo abaholi nabantu, esikhulu kakhulu kwaku ukucindezela abampofu, abaswelayo, abangenalo usizo, phakathi kwazo. Yebo, kwakukubi ukukhonza izithixo; yebo, ukulandela izinkolo zamanga kwakukubi; kodwa, yebo, ukuxhaphaza ababuthakathaka nabampofu nakho kwakufanele kugxekwe.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNcwaba 5*

Ubizo Oluphindelelayo Lobulungiswa

Phezu kwecebo elijulile likaNkulunkulu ngesizwe sakwaIsrayeli, abantu bakwaIsrayeli kwakuqabukela bephila ngokobizo lwabo. Kungakadluli nezizukulwane eziningi sebezinzile ezweni, bacela uSamuweli umprofethi nomahluleli, ukuba abakhethele inkosi ezobahola, "njengazo zonke ezinye izizwe" (1 Sam. 8:5).

Funda ku 1 Samuwel 8:10-18. Sathini isixwayiso sikaSamuweli ebantwini uma ephundula isicelo sabo senkosi?

USamuweli wabona lokhu njengesinyathelo sokufana nezinye izizwe nangezinye izindlela. Nakuba uSamuweli wayefuna ukweluleka inkosi yokuqala, uSawule, kungekudala isiprofetho sakhe sagcwaliseka. Ngisho nangesikhathi umbuso wakwaIsrayeli wawusezingeni eliphezulu, uDavide noSolomoni abaphephanga ezilingweni, inkohlakalo, nokusebenzisa amandla abo ngokweqile. Kukho konke ukubusa kwamakhosi akwaIsrayeli noJuda, enye yezindlela uNkulunkulu aphendula ngayo ukuthumela abaprofethi ukusho intando yaKhe nokukhumbuza abaholi bakwaIsrayeli nabantu ngomsebenzi wabo abawunikwe uNkulunkulu ngalabo asebebakhohliwe. Emibhalweni yabaprofethi bamaHeberu, sibona ubizo oluqhubekayo noluphindelelayo lokuba kuphilwe ngobulungiswa, kwenziwe ukulunga emphakathini. Ekukhuzeni ukungethembeki kukaIsrayeli nabaholi, abaprofethi babelokhu beyizwi eliphuthumayo lalabo abangakwazi ukuzikhulumela, kakhulukazi labo ababehlukumezeke ngenxa yokwesilela kukaIsrayeli ukulandela intando kaNkulunkulu. UAbraham Joshua Heschel, ezindla ngokushisekela kwabaprofethi beTestamente eliDala, uqhathanisa ukuzithela kwethu ngabandayo nobizo lwabo oluphuthumayo lokuthi kwenziwe ubulungiswa: "Izinto ezazishaqisa abaprofethi namanje ziyenzeka nsuku zonke emhlabeni wonke…ukungabekezeleli kwabo ukungalungi, singakuthatha njengehaba. Thina qobo lwethu, sihlale sibona izenzo zokungalungi, ukuzenzisa, amanga, isihluku, usizi, kodwa azisasethusi. Kubaprofethi, ngisho nokungalungi okuncane kwakuthathwa njengento enkulu."—*The Prophets* (New York: Jewish Publication Society of America, 1962), amakhasi 3, 4. Lokho esikutshengiswa yilaba profethi, ufifana lwalokho okusenhliziyweni nomqondo kaNkulunkulu. Bekhulumela uNkulunkulu, bangasisiza sibone ukungalungi nokuhlupheka okusemhlabeni wethu ngezinyembezi zikaNkulunkulu. Kodwa lokhu kushisekela kulubizo lokuthi kwenziwe okuthile, kusetshenziswane noNkulunkulu ukudambisa nokuphelisa ukucindezelwa nosizi lwalabo abasizungezile.

Yiziphi izindlela esike sifune ngazo ukufana "nazo zonke ezinye izizwe" kodwa ezingaba yingozi kithina kanye nabanye?

UAmose

"Angisiye umprofethi mina, nendodana yomprofethi angisiyo, kepha ngangingumalusi, ngangitshala im ithombe. Kepha uJehova wangisusa ekulandeleni umhlambi; uJehova wathi kimi: 'Hamba uprofethe kubantu baMi uIsrayeli' " (Amose 7:14, 15). UAmose wakhuluma ngokusobala, wavuma ukuthi akaqeqeshelwanga ukuba umprofethi, kodwa uma ethula isigijimi sakhe esizweni sakwaIsrayeli, ubonakalisa ikhono lokudonsela abalaleli bakhe kulokho afuna ukubatshela kona. Uqala ngalokho okwejwayelekile, ubala izizwe ezibazungezile—iSiriya, iFilistiya, iEdomu, uAmoni, noMowabi—alande ngeziphambeko zazo, nesihluku sazo uNkulunkulu azozijezisela sona (bheka uAmose 1:3-2:3). Kulula ukucabanga ngabakwaIsrayeli bejabulela lokhu okushiwo ngezitha zabo, kakhulukazi njengoba okuningi kwakwenziwa kubona uqobo. UAmose ubese esondela ekhaya, ememezela izahlulelo zikaNkulunkulu ebantwini bakwaJuda, omakhelwane bakwaIsrayeli baseNingizimu kulombuso osewuqembukelene phakathi. Ekhulumela uNkulunkulu, uAmose ubala ukulahla kwabo uNkulunkulu, ukungalaleli kwabo imiyalo yaKhe, nezijeziso ezizobafikela (bheka uAmose 2:4, 5). Futhi, singabacabanga abantu embusweni waseNyakatho bejabula uma uAmose ekhomba iziphosiso zalabo ababazungezile. Kodwa-ke uAmose uphendukela abalaleli bakhe. Inxenye yokugcina yencwadi igxile ebubini bukaIsrayeli, ukukhonza izithombe, ukungalungi, nokuphindelela besilela emehlweni kaNkulunkulu.

Funda kuAmose 3:9-11; 4:1, 2; 5:10-15; no 8:4-6. Yiziphi izono axwayisa ngazo?

_____

_____

Ngesikhathi uAmose ekubeka ngembhaba akushoyo nezixwayiso zakhe zikhuluma ngokubhujiswa, isigijimi sakhe siyoliswe ngokuncenga ukuba babuyele kuNkulunkulu wabo. Lokho kuhlanganisa ukuvuselela ubulungiswa nokunakekela abampofu ababaphila phakathi kwabo: "Kepha ukwahlulela makugobhoze njengamanzi, nokulunga njengomfula onganqamukiyo" (Amose 5:24). Izindimana ezimbalwa zokugcina zesiprofetho sikaAmose zikhomba ukubuyiselwa okuzayo kwabantu bakaNkulunkulu (bheka uAmose 9:11-15): "Ngehora labo lokucwila kakhulu ekuhlubukeni nelwenswelo yabo enkulu, isigijimi sikaNkulunkulu kubona kwaku yileso sentethelelo nethemba."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, ikhasi 283.

Zikhona yini izikhathi lapho kudingeka sizimisele ukukhuluma ngamazwi aqosheme uma sikhuza umhlola? Singabona kanjani uma inkulumo enjalo engafanelekile?

_____

UMika

“Ukutshelile, muntu, okuhle; uJehova ufunani kuwe, kungabi ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa, uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?” (Mika 6:8). Yiziphi izindlela ongaphila ngazo lendimana kumanje-nje?

UMika 6:8 mhlawumbe kungathiwa enye yezindimana ezaziwa kakhulu eBhayibhelini. Kodwa, njengezinye izindimana esizenza iziqubulo, noma “ama-posters,” kungenzeka ukuthi asikuzwa kahle ekushoyo.

Funda uMika 2:8-11 no 3:8-12. Yini leyo eyayenziwa abantu eyakhuzwa uMika na?

Ngombuso kaAhazi inkosi yakwaJuda kwakuyisikhathi lapho abantu bakaNkulunkulu babeshone phansi kakhulu emlandweni nasenkolweni yesizwe. Ukukhonza izithombe nemikhuba emibi ehambisana nakho, kwanda. Kusenjalo, njengoba nabanye abaprofethi baphawula, abampofu babelokhu bexhashazwa njalo, beyizisulu. UMika wayengehlukile ekumemezeleni ukwahlulela kukaNkulunkulu kunabanye ozakwabo. Inxenye enkulu yezahluko ezintathu zokuqala zencwadi yakhe zikhuluma ngolaka luka Nkulunkulu, nokudabuka ngenxa yobubi obabenziwe abantu baKhe, nokubhujiswa okwakuzobafikela. Kodwa uNkulunkulu akababadelanga abantu baKhe. Ngisho nokumemeza okuqosheme kwabaprofethi kwakusatshengisa umdlandla kaNkulunkulu ngabantu baKhe. Wabanika izixwayiso ngenxa yothando lwaKhe nokunaka kwaKhe ngabo. Wayelangazelela ukubathethelela, ababuyisele kuYena. Wayengeke ahlale ethukuthele njalo (bheka uMika 7:18-20). Nakhu-ke okushiwo “umthetho” odumile—enza konke ngokulunga, thanda umusa, hamba ngokuzithoba. Kungezwakala kulula, kodwa ukuphila ngokukholwa okunjalo ngezindlela eziphathekayo akulula kangako, kakhulukazi uma ukwenza lokho kube kuphambana nehlombe lomphakathi okuzungezile. Uma abanye behlomula ngokungalungi, bedela umusa, beziqhenya, ukwenza ukulunga, ukuthanda umusa, nokuhamba ngokuzithoba kudinga isibindi nokubekezela. Kodwa, asisodwa; uma senza lokho, sihamba noNkulunkulu wethu.

Yini exhumanisa ukwenza ukulunga, ukuthanda umusa, nokuhamba ngokuzithoba phambi kukaNkulunkulu?

UHezekeli

Uma besingabuza isixuku samaKrestu nge “zono zaseSodoma,” kungalindeleka ukuthi abaningi bavele babale izinhlobonhlobo zezono zakhona zocansi nokunye okunjalo. Angithi phela uGenesise 19:1-13 unikeza isithombe somphakathi ongcolile noshwabene osewuvuthiwe ukuba ubhujiswe. Kodwa nokho, impendulo ijulile kunalokho. Cabanga ngendlela uHezekeli achaza ngayo: “Bheka, nakhu ukona kukadadewenu iSodoma; ukuzidla, nokuzinza okuthuleyo kwakukhona kulo nakuwo amadodakazi alo, kepha aliqinisanga isandla sabampofu nabaswelayo” (Hezekeli 16:49). Nakuba ngokusobala uNkulunkulu wayengeke abuthalalise obunye ububi obabutholakala kulomuzi, amehlo kaHezekeli lapha ayegxile ekungabini khona kobulungiswa kwezomnotho, nokunganakwa kwabaswelayo. Kungenzeka yini, ukuthi emehlweni kaNkulunkulu, lezono kwezomnotho zazizimbi njengalezo zocansi? Njengoba zilandela isikhathi sikaAmose, uMika, noIsaya, iziprofetho zokuqala zikaHezekeli zizwakalisa isixwayiso esifanayo sencithakalo ezayo. Kodwa, ngemuva kokuchithwa kweJerusalema yiBabiloni, nabantu balo bathunjwa, uHezekeli usegxila ngokuphelele esithembisweni sikaNkulunkulu sokubuyiselwa kwabo.

Funda kuHezekeli 34:2-4, 7-16. Qhathanisa ukulinganisa kukaNkulunkulu inkohlakalo yabaholi bakwaIsrayeli, nokwelusa kwaKhe. Indlela ababephatha ngayo “izimvu” ezibuthakathaka yehluke kangakanani nendlela yaKhe na?

Noma babebabi kangangoba baze bafaniswa neSodoma, uNkulunkulu wayelokhu ebandonsela ku Ye ngethemba lokubaguqula babuye ebubini babo. Kulelicebo likaNkulunkulu lokuvuselela abantu baKhe, babezobuyiselwa ezweni lakubo, iJerusalema livuselelwe, nethempeli lakhiwe kabusha. Imikhosi eyayiyalelwe uNkulunkulu yayizogujwa futhi, nezwe lehlukaniswe ngokulinganayo phakathi kwabantu kube ifa labo (bheka uHezekeli 47:13-48; 29. Kubonakala kusobala ukuthi inhloso kaNkulunkulu kwaku ukuba icebo laKhe ngabantu baKhe elalinikezwe kuMose kuqala, nasebantwini bakwaIsrayeli ngemuva kokukhululwa eGibithe, lalizovuselelwa ngokubuya kwabantu baKhe ekuthunjweni. Lokho kwakuhlanganisa nokunakekela ababuthakathaka emphakathini kanye nalabo abathathwa ngokuthi abangaphandle.

Kubaluleke kangakanani kuwena ukuthi uNkulunkulu wethu unguNkulunkulu osinika ithuba lesibili—nangaphezulu—nakubantu baKhe abaphambukile ngemuva kokuthi belitholile ithuba lokukhetha ngobuhlakani?

U-Isaya

Funda uIsaya 1:15-23; 3:13-15; no 5:7,8. Ungakuchaza kanjani ukusabela komprofethi ngakubona kwenzeka emphakathini omzungezile?

Intshumayelo kaIsaya yokuvula—izahluko ezinhlanu zokuqala—yingxubevange yokugxeka uhlobo lomphakathi abantu bakaNkulunkulu abasebeyiwo, izixwayiso zokwahlulelwa okuzayo ngenxa yokudeda kwabo kuNkulunkulu nokuqhubeka ebubini, nokuphiwa ithemba uma abantu bezobuyela kuNkulunkulu baguqule izimpilo zabo nomphakathi wabo. Kodwa mhlawumbe umuzwa onamandla kakhulu ozwakalayo emazwini akhe, owosizi. Ngokuya ngendlela amazi ngayo uNkulunkulu ukuthi ungubani nokuthi yini ayifisela abantu baKhe, umprofethi ukhalela lokho okulahlekile, abantu abangenakubalwa abanganakiwe abadabukile, nokwahlulelwa okuzayo phezu kwesizwe.

U-Isaya uyaqhubeka ngaloluhlelo emsebenzini wakhe wokuprofetha. Unxusa abantu ukuba bakhumbule lokho uNkulunkulu abenzele kona. Futhi unika abantu ithemba lalokho uNkulunkulu afuna ukubenzela kona esikhathini esizayo. Kanjalo-ke, abafune uNkulunkulu manje, ngoba lobudlelwane naYe obuvuselelwe buzohlanganisa ukuzisola ngobubi babo bamanje, nokuguqula izindlela abaphatha ngazo abanye.

Ezahlukweni 58 no 59, uIsaya ubuyela ekukhathazekeni ngodaba lobulungiswa. Uyaphinda achazele umphakathi lapho "ukwahlulelwa kubuyiselwa emuva, nokulunga bumi kude ngokuba iqiniso liyakhubeka esigcawini, nobuqotho abunakungena" (Isaya 59:14). Kodwa ubuye aqinise ukuthi uNkulunkulu uyakubona lokhu nokuthi uyobahlenga abantu baKhe—"Bayakuza abahlengiweyo" (Isaya 59:20).

Kuyo yonke incwadi kaIsaya, inxenye enkulu igxile ekumemezeleni ukufika kukaMesiya, Lowo oyohlumelelisa umbuso kaNkulunkulu emhlabeni, alethe ukwahlulela, ukulunga, umusa, ukuphiliswa, kanye nokubuyiselwa.

Funda kuIsaya 9:6,7; 11:1-5; 42:1-7; no 53:4-6. Leziprofetho zihambisana kanjani nendlela oqonda ngayo impilo, umsebenzi, nokufa kukaJesu? Leziprofetho zisitshelani ngenhloso yokuza kwaKhe kulomhlaba?

Ukujula Nomcabango:

Funda kuEllen G. White, "The Assyrian Captivity," amakhasi 279-292; "The Call of Isaiah," amakhasi 303-310, ku *Prophets and Kings*. "Phakathi kwencindezelo enzima, ukungabikho kobulungiswa, ukuphila ngokutamasa, amadili nokudakwa, ukungabikho kwezimilo, nokusaphaza kwesikhathi ababephila ngaso abaprofethi, bawaphakamisa amaphimbo abo; kodwa kwaba yize ukumemeza kwabo, kwaba yize ukukhuza kwabo isono."—Ellen G. White, *Prphets and Kings*, ikhasi 282. KuIsaya, kwakubonakala kungethembisi nakancane emphakathini. Ngokulangazelela kwabo inzuzo, abantu babethenga izindlu, bethenga amasimu…Ukwahlulela kwakuhlanakezelwe, abampofu bengatshengiswa isihe… Nezimantshi uqobo, okwakungumsebenzi wazo ukuvikela abadinga usizo, zavala izindlebe, zingalaleli izikhalo zabampofu nabaswelayo, abafelokazi, nezintandane. "Phansi kwezimo ezinjalo, akumangalisi ukuthi ngonyaka wokugcina wombuso kaUziya, ngesikhathi uIsaya ebizwa ukuba ahambise isixwayiso sikaNkulunkulu kuJuda, washaywa uvalo ngokwenza lowo msebenzi. Wayazi kahle ukuthi uzohlangabezana nenkani esizweni."—Amakhasi 306, 307. "Lezixwayiso zabaprofethi ezisobala…zidinga ukwamukelwa yithina njengezwi likaNkulunkulu ebantwini bonke. Asingalahli amathuba okwenza imisebenzi yomusa, ukuba nemicabango yokulunga kanye nesihe sobuKrestu ngenxa yalabo abathwele imithwalo nabacindezelwe."—Ikhasi 327.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Sivame ukuthi umsebenzi wesiprofetho ukusho okuzokwenzeka esikhathini esizayo. Ngokubuka kwakho indlela abaprofethi beTestamente eliDala ababegxile ngayo esikhathini ababephila kusona, kukuguqula kanjani ukuqonda kwakho ngomsebenzi womprofethi?

2. Impilo nesigijimi sabaprofethi kuyatshengisa ukuthi kungaba lukhuni futhi kube yingozi kangakanani ukumela iqiniso. Ucabanga ukuthi kungani babenza lokho ababekwenza, futhi bekhuluma ngendlela ababekhuluma ngayo?

3. Ezincwadini zabaprofethi, uNkulunkulu ubonakala eshintsha-shintsha phakathi kwentukuthelo nozwelo olujulile ngabantu baKhe. Uzihlanganisa kanjani lezimpawu ezimbili zesimilo sikaNkulunkulu?

Ngokufingqiwe:

Abaprofethi beTestamente eliDala babenentshisekelo, kanti futhi babevame ukuthukuthela uma bevikela indlela nentando kaNkulunkulu ebantwini. Lentshisekelo eyayibonakalisa ukukhathazeka kukaNkulunkulu uqobo, yayihlanganisa nokugxila ekwenzeleni abampofu nabacindezelwe ubulungiswa. Ubizo lwabaprofethi lokuthi abantu babuyele kuNkulunkulu lwaluhlanganisa ukuthi bayeke izenzo zokungabi nobulungiswa, okuyinto uNkulunkulu athembisa ukuyenzela abantu baKhe ngekusasa elingcono.